


NguMongameli  
uThomas S. Monson



# UMongameli uMonson uthi Masibe Nesibindi

**U**Mongameli uThomas S. Monson uqaphela ukuthi akupheli ngisho ihora kungakadingeki ukuthi sense izinqumo ezithile.

*Ukuze sithathe izinqumo ezilungile, useluleka ngokuthi, masibe nesibindi—“isibindi sokuthi sithi cha, ngokunjalo nesibindi sokuthi sithi yebo. Izinqumo zenzakucace ukuthi siphela kuphi.”<sup>1</sup>*

*Kulezi zahlukwana ezicashuniwe ezilandelayo, uMongameli uMonson ukhumbuza abaNgcwele beziNsuku zokuGcina ukuthi kudingeka babe nesibindi sokumela iqiniso nokulunga, ukuvikela lokho abakholelwa kukho, futhi nokubhekana nezwe elenqaba amagugu nemigomo yaphakade.*

*Wathi: “Kudingeka njalo ngabanye sibe nesibindi.”  
“Selokhu kwaba njalo, futhi kuyohlala kunjalo.”<sup>2</sup>*

## **Ukuba Nesibindi Kwenza Sivunywe NguNkulunkulu**

“Sonke sizobhekana nokwesaba, sibe yinhlekisa, futhi sihlangabezane nokuzosiphikisa. Sonke masibe nesibindi sokungahambisani nomqondo weningi, masibe nesibindi sokumela imigomo yethu. Akukona ukuvumelana nezwe, kodwa yisibindi esiletha isibusiso sokuvunywa nguNkulunkulu. Ukuba nesibindi kuba yisimilo esinamandla nesithandekayo hhayi kuphela uma sizimisele ukuphila ngendlela efaneleyo kodwa futhi uma sinesifiso sokufa

ngesizotha. Sisaqhubekela phambili, sizama ukuphila ngendlela okufanele siphile ngayo, nakanjani sizoluthola usizo eNkosini futhi singayithola nenduduzo emazwini Ayo.”<sup>3</sup>

## **Melana nokuthile Ngesibindi**

“Kusho ukuthini ukuqina? Ngizayithanda lencazelo: ukumelana nokuthile ngesibindi. Ukuze ukholwe kungadingeka ukuba ube nesibindi; kwesinye isikhathi uma usukhetha ukuhlonipha imiyalelo kaNkulunkulu kungadingeka ube nesibindi. Nakanjani sizodingeka ngesikhathi usubekezela kuze kube yilolo suku ngesikhathi usuhamba kulomhlaba.”<sup>4</sup>

## **Yiba Nesibindi Sokumela Iqiniso**

“[Sengathi] ningaba nesibindi sokumela iqiniso nokulunga ngokuqina. Ngenxa yokuthi inkambiso yabantu namhlanje ikude namagugu nemigomo iNkosi esinike yona, nakanjani uzozithola kumele uvikele lokho okholelwa kukho. Kuzoba nzima ukumelana nokuba yinhlekisa kulabo abavivinya ukhoho lwakho, ngaphandle uma ubufakazi bakho buqinile. Uma buqine kakhulu, ubufakazi bakho bevangeli, bukaMsindisi, ngokunjalo nobuka Baba oseZulwini buzoba nomthelela kukho konke okwenzayo empilweni yakho yonke.”<sup>5</sup>

## Kudingeka Sibe Nesibindi Ngokomoya Nangokumela Ukulunga

Imiyalezo elethwa wumabonwakude neziteshi zemisakazo [namhlanje] isikhathi esiningi ayihambisani nalokho esifuna abantwana bethu bakwamukele futhi bakuthande. Kungumthwalo wethu ukuthi singabafundisi nje kuphela ukuthi baphile emoyeni nasekwazini imfundiso kodwa futhi simelwe ukubasiza ukuthi bahlale bekuleso simo, noma ngabe bahlangabezana naziphi izivunguvungu ngaphandle. Ukuze sikufeze lokhu kuzodingeka senze imizamo eminingi futhi sizinike isikhathi impela —futhi ukuze sisize abanye, thina uqobo lwethu kudingeka sibe nesibindi ngokomoya nangokumela ukulunga ukuze siqwazi ukumelana nobubi esibubona nhlangothi zonke.”<sup>6</sup>

### Sengathi Singahlala Njalo Sinesibindi

Sisaphila imihla ngemihla, cishe ngeke kwavimbeleka ukuthi ukholo lwethu luvivinywe. Kuzokwenzeka sizithole sizungezwe ngabanye kodwa futhi sibe yidlanzana noma sime sodwa ngokuphathelene nalokho okwamukelekile nokungamukelekile. . . .

Sengathi singahlala njalo sinesibindi futhi sihlezi sikulungele ukukumela esikholelwa kukho, futhi uma kusho ukuthi kumele sime sodwa, sengathi singakwenza lokho ngesibindi, siqiniseke wulwazi lokuthi empeleni asisodwa uma simi noBaba wethu oseZulwini.”<sup>7</sup>

#### OKUFANELE KUKHUNJULWE

1. UThomas S. Monson, “The Three Rs of Choice,” *Liahona*, Nov. 2010, 67, 68
2. UThomas S. Monson, “The Call for Courage,” *Liahona*, May 2004, 55.
3. UThomas S. Monson, “Be Strong and of a Good Courage,” *Liahona*, May 2014, 69.
4. UThomas S. Monson, “Believe, Obey, and Endure,” *Liahona*, May 2012, 129.
5. UThomas S. Monson, “May You Have Courage,” *Liahona*, May 2009, 126.
6. UThomas S. Monson, “Three Goals to Guide You,” *Liahona*, Nov. 2007, 118–19.
7. UThomas S. Monson, “Dare to Stand Alone,” *Liahona*, Nov. 2011, 60, 67.

### IMFUNDISO EVELA KULOMYALEZO

Mhlawumbe ungathanda ukucela labo obafundisayo ukuthi ke bacabange ngesimo kuleli sonto elizoqala—kungaba yisimo sasekhaya, emsebenzini, esikoleni, noma esontweni—lapho kuzodingeka ukuthi babe nesibindi. Kungenzeka ukuthi babhekane nokwesaba, babekezelele okuthile, bamele ukholo lwabo, noma bathathe isinqumo sokuthi bathobele umgomo othile wevangeli ngokuphelelyo. Bameme ukuthi bakhulume

ngemicabango yabo noma bayibhale phansi.

## INTSHA

### Ukuba nguSara Komunye

Ngu McKenzie Miller

**N**gangijwayele ukukuthola kunzima ukukhuluma ngenkolo yami uma ngiphendula umbuzo olula njengalona: “Yingani ungaliphuzi ikhofi?” Kuqala ngangijwayele ukuba nesizathu sokuthi “Liyababa” noma ngithi “Angikuthandi ukunambitheka kwalo.”

Yingani ngangizithola ngiphoxeka? Yingani nganginokwesaba ukumela inkolo yami? Uma sengibheka emuva manje, angiqondi kahle ukuthi empeleni ngangesabani. Kodwa ngikhumbula kahle ukuthi kunini lapho ngayeka khona ukucasha ngezinye izizathu.

Ngelinye ilanga esikoleni senza isifundo sesiNgisi, uthisha wethu wathi sizobuka umdlalo kumabonwakude engangazi ukuthi kwakungafanele ngiwubuke. Ngesikhathi abanye abafundi bejabula, umngani wami engangifunda naye waphakamisa isandla wacela ukuphuma.

Kwathi uma uthisha ebuza ukuthi wayefuna ukuphumelani, uSara wavele waphendula ngokuyiqiniso nje wathi, “Ngoba ngingumMomoni futhi angiyibuki imidlalo enokungcola.”

Isibindi sakhe sokuthi ame phambi kwabafundi sasimangalisa. Ngiyambonga uSara, nami ngasukuma ngayolinda ngaphandle ukuthi lomdlalo uphele nginonembeza omsulwa.

Ngashintsha unomphelo. Ngaqala ukuthi ngichaze ngenkolelo yami esikhundleni sokuthi ngikubalekele lokho. Ngenxa yalokho, ngaba nokuzethemba futhi ngabamba iqhaza kakhulu ezintweni ezazenziwa eSontweni nasesikoleni.

Angizange ngimtshela uSara ukuthi isibonelo sakhe saba nomthelela ongakanani kimi, kodwa sengihlale ngizama njalo ukulandela isibonelo sakhe sokuzethemba. Sekuyangicacela manje ukuthi ukuba yilungu leBandla likaNkulunkulu eliyisimanga nelingcwele akuyona into engingazenyeka ngayo nakancane. Ngiyethemba ukuthi nami ngingaba nguSara komunye ngesibonelo sami.

*Umbhali uhlala e-Utha, eMelika*

### Isibindi Esisithola EmiBhalweni ENgcwele

**U**Mongameli uMonson usifundisa ukuthi sibe nesibindi futhi siyimele inkolo yethu. Ziningi izibonelo zabantu emibhalweni engcwele abakhombisa isibindi. Funda umbhalo ongcwele oseceleni kwegama lomuntu ngalinye. Basikhombisa kanjani isibindi laba bantu futhi bakumela kanjani lokho ababekwazi ukuthi kungile na? Ungayibhala phansi impendulo yakho noma udwebe isithombe njengempendulo.

UDaniyeli uDaniyeli 6:7, 10–23

U-Esteri u-Esteri 4:5–14; 5:1–8 ; 7:1–6

USamuweli umLamani uHelemani 13:2–4; 16: –7

UJoseph Smith Joseph Smith–uMlando 1:11–17

© 2015 ngo Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agodliwe. Igaywe eMelika Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/14 Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushelwe olimini lwesiZulu: 6/14. Ukuhunyushwa kwe *First Presidency Message, April 2015*. Zulu. 12584 783



# IsiMilo sikaJesu Kristu: OngenaNkohliso noma ubuZenzisi

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ukuthi yikuphi ongafundisa ngakho. Ukwazi ngempilo nangendima kaMsindisi kungalukhulisa kanjani ukhohlo lwakho futhi kungababusi kanjani labo obabheke ngokubafundisa ngokubavakashela na? Ukuze uthole olunye ulwazi vakashela ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).*

Ukhohlo • Umndeni • Insizakalo

*Lena yingxenywe yeMiyalezo elandelanayo yokuFundiswa ngokuVakashelana ephathelene nesimilo sikaMsindisi.*

Ukwazi ukuthi uJesu Kristu akanankohliso futhi akazenzisi kuzosisiza ukuthi sizame ukulandela isibonelo Sakhe ngokwethembeka. IGosa uJoseph B. Wirthlin (1917–2008) woMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi naMbili wathi: “Ukukhohlisa wukulutha noma wukuhola ngokwedusa. . . . Umunu ongenankohliso ngumuntu onobumsulwa, onenhloso eneqiniso, impilo yakhe ekhombisa ukuthi izenzo zakhe zihlezi zihambisana nobuqotho. . . . Ngikholwa wukuthi kunesidingo esikhulu sokuthi amalungu eBandla angabi nankohliso namhlanje kunakwezinye izikhathi ngenxa yokuthi abaningi emhlabeni abakuboni ukubaluleka kwalesi similo.”<sup>1</sup>

Ngokuphathelene nenkohliso, uMongameli uDieter F. Uchtdorf, uMeluleki wesiBili kubuMongameli bokuQala, wathi: “Akekho phakathi kwethu ophila njengo Kristu njengoba kufanele. Kodwa siyafuna ngempela ukuwanqoba amalungu ethu nokujwayela ukona.

Ngezinhliziyo nangemphefumulo yethu, siyafisa ukwenza kangcono ngosizo lweNhlawulo kaJesu Kristu.”<sup>2</sup>

Siyazi ukuthi “siyokwahlulelwa ngezenzo zethu, izifiso zezinhliziyo zethu, ngokunjalo nalokho esesigcine sesiyikho njengabantu.”<sup>3</sup> Kodwa uma sizabalaza siphenduka, sizohlazeka—futhi “babusisiwe abanenzinhliziyo ehlanzekileyo, ngokuba bayombona uNkulunkulu” (Mathewu 5:8)

## ***Eminye imiBhalo eNgcwele***

AmaHubo 32:2; Jakobe 3:17; Petru 2:1–2, 22

## ***Okuvela emiBhalweni eNgcwele***

Abantwana abanayo inkohliso. UJesu Kristu wathi: “Vumelani abantwana beze kimi, ningabenqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo. . . . Wabagona [abantwana], wababusi ebeka izandla phezu kwabo” (Marku 10:14, 16)

UKristu wabasebenzela futhi nabantwana emazweni aseMelika emva kokuBethelwa Kwakhe. Wayala ukuthi abantu balethe abantwana babo abancane Kuye

“wabahlalisa phansi bamzungeza, futhi uJesu wema phakathi kwabo; . . .

“ . . . [Futhi] wakhala, futhi isixuku sakufakazela lokho, futhi wathatha abantwana babo, ngamunye ngamunye, wababusi, futhi wabakhulekela kuBaba. . . .

“Futhi ngesikhathi beqalaza ukuthi babone baphonsa amehlo abo ezulwini, futhi . . . babona izingelosi zehla ziphuma ezulwini sengathi zaziphakathi komlilo; futhi zehlela phansi zabazungeza labo bantwana, . . . futhi izingelosi zabasebenzela” (3 Nefi 17:12, 21, 24)

## **OKUFANELE KUKHUNJULWE**

1. Joseph B. Wirthlin, “Without Guile,” *Ensign*, Meyi 1988, 80, 81.
2. Dieter F. Uchtdorf, “Come, Join with Us,” *Liahona*, Nov. 2013, 23.
3. *Handbook 2: Administering the Church* (2010), 1.2.1.

## ***Ake Ucabange Ngelokhu***

Yini esingayifunda ngokungabi nankohliso kwabantwana? (Bheka IziHloko zemiBhalo eNgcwele, “Inkohliso”)